

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMHLONISHWA  
UMNUZ WILLIES MCHUNU NGESIKHATHI KUBUNGAZWA IMFUNDO  
YABADALA KUMKHANDLU WASOTHUKELA MHLAKA 08 SEPTEMBER  
2011.**

Mphathi woHlelo;  
Amalungu eSishayamthetho akhona;  
INkosi M.Z. Hlongwane;  
Amakhosi aseNdlunkulu akhona nezinduna zawo;  
UMeya wesiFunda sasoThukela;  
UMeya woMkhandlu wasoKhahlamba;  
Wonke amakhansela akhona;  
Izikhulu zemiNyango kaHulumeni eyahlukene;  
Abezindaba;  
Umphakathi wonke;  
Ngibanibingelela.

Ngifisa ukuqala ngokubonga ukufika kwenu kulo mcimbi obalulekile ohlelwe uHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal engiwumele njengoba ngilapha. Lo mcimbi usho usuku olumqoka kwikhalenda likazwelonke – usuku lokubungaza ukuthuthukiswa kokufunda kwabadala, esithi i-National Adult Literacy Day.

INingizimu Afrika iyizwe elibuswa ngentando yeningi, kodwa elisakhungethwe wukungalingani okusadinga ukulungiswa kwakhiwe kabusha. Futhi siyavumelana sonke ukuthi imfundo iyona eyisikhali esisemqoka ekwakheni kabusha umphakathi waseNingizimu Afrika.

Njengezakhamuzi zalesi sifundazwe, ngicabanga ukuthi kuyisifiso sethu sonke ukuba sakhe iKwaZulu-Natal enamakhono nemfundo efanele lapho zonke izakhamuzi zizokwazi ukusebenzisa lolo lwazi ekubambeni iqhaza ekuthuthukisweni kwenhlalo-mnotho uma sakha kabusha.

Ukufunda nokuqeqeshwa kwabantu asebekhulile, phecelezi, Adult Education and Training (AET), kunikezela abafundi abadala ngethuba lokuzicabela indlela yabo yokuzithuthukisa empilweni. Izinhlelo ze-AET zivula iminyango yokufunda kuleyo miphakathi eyayincishwe amathuba phambilini. I-AET ibanikeza amakhono adingekayo, ulwazi, nezindlela zokuphila okuzokubasiza babhekane nezinsalelo zalesi khathi esesiphila kusona.

Yingakho-ke namhlanje sifuna ukugcizelela amalungelo ahlinzekwa kumthethosisekelo avumela zonke izakhamuzi ukuba zithole imfundo ngaphandle kokubheka isimo somzimba noma umqondo nobulili. Sifuna ukubona abantu bakithi abangakwazi ukufunda nokubhala bethola ukwesekwa ngalezi zinhlelo ze-AET ukuze bathole indlela yokuzithuthukisa nabo.

Ukwazi ukufunda nokubhala kanye nezinhlelo ze-AET akulona nje ilungelo kuphela, kodwa kunikeza ukuhlonipheka nokuthi umuntu akwazi ukubhekana nezimo empilweni yobudala bakhe. Wonke umuntu omdala uyathanda ukuhlonipheka futhi abonakale engumuntu okwaziyo ukushintsha ahambisane nempilo yangaleso sikhathi. Kodwa konke lokhu kuvame ukuphazanyiswa amazinga ezemfundo.

Isibonelo esihle lapha ngesomvoti ongakwazi ukufunda uma uqhathanisa nomunye okwaziyo ukufunda nokubhala, ongadinge kusizwa muntu. Ngalolu hlelo abafundi bathola nokuthi bakwazi ukuzimela njengalapho besuke sebekwazi ukusebenzisa izidingo ezifana namafofisi, ukufaka izicelo zomazisi, impesheni, izincwadi zokushayela njalonzalo.

Ikhwela esilihlabayo lokuba imiphakathi ifunde lizwakala kangcono uma kuba ngabadala abafundayo bazibeke bona emgqeni wokufundiseka nokuqeqeshwa. Ngamanye amazwi, sidinga ukuba nabazali abaningi abazokuba yisibonelo bakwazi ukukhuluma ezinganeni zabo ngobumnandi nenzuzo okutholakala ngemfundo namakhono.

Ngike ngezwa nokuthi enye yezinselelo zalolu hlelo lapha oThukela ngukuthi isibalo sabafundi abadala besilisa siyancipha. Lokhu kungenzeka ukuthi kudalwa ngukuthi abanye basenengqondo yasendulo yokuthi njengamadoda ngeke batshelwe ngumuntu wesifazane. Abanye bahlaselwa ubuvila nje obuhambisana nokugxila etshwaleni.

Enye inselelo lolu hlelo ebhekene nalo ngeyokuyeka kwabafundi phakathi nonyaka kuphinde kuthi labo abaqhubekayo bahlale belova njalo, mhlambe ngenxa yezinselelo zokuba ngabazali, ukuba badala nokuhlushwa ukugula.

Ngokufanayo, emkhakheni wezamazabizini kumele nakhona kube nesisekelo esibalulekile sekhono. Ngaphandle kwamakhono, amathuba okuphumelela njengosomabizini ozimele mancane.

Ukuhluka kwemiphakathi kuba kubi kakhulu ngenxa yegebe elidalwa amazinga okufunda, ukuqeqeshwa kanye namakhono. Ukuze sikwazi ukuba nemiphakathi enobunye, kumele sibhekane nalezi zinto eziba nomthelela.

Njengengxenye yezinjongo zikaHulumeni, i-AET ibhekele lokhu okulandelayo:

- Ukulwa nokuntuleka kwemisebenzi esiFundazweni;
- Ukulwa nobubha;
- Ukulwa nobugebengu;
- Ukuphuthumisa ukukhula kwezomnotho; kanye
- Nokwenyuswa kwezinga lempilo nokuba nomthelela ekunciphiseni izinga lezifo ezibulalayo, okuhlanganisa i-HIV ne-AIDS.

Sithatha leli thuba ukubongela lesi Funda sasoThukela ngokufinyelelisa izinhlelo ze-AET nasezindaweni zasemakhaya ezifana naseMahlutshini kanye naseTonyelana. Siyabonga futhi nokuthi kukhona nabafundi abaphila nokukhubazeka ezinhlelweni zenu.

Izinga labantu abaneminyaka engu-20 nangaphezulu ubudala abangafundile esifundazweni saKwaZulu-Natal lalingu-22.9% ngonyaka ka-1996, kodwa bese lehlile laba ngaphansana kuka-20% ngo-2006.

Nanamhlanje futhi iqiniso elisamile ngokuthi kusenenqwaba yabantu abadala abangafundanga nhlobo KwaZulu-Natal nokusho ukuthi njengesifundazwe kusamele senze okukhulu ngalokhu.

Sithanda ukugqguzela bonke abafundi bethu abalapha ukuba basebenze kanzima ukuzuza noma ngabe yini abayifunayo empilweni, bakhumbule ukuthi ngemfundo bangazuza okungaphezulu.

Masibonge nabo bonke othisha bethu abasebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi abafundi bathola imfundo kanye nokuqeqeshwa ngamakhono ukuze bakwazi ukubhekana nobubha banciphise nomthelela omubi odalwa yibo ububha emindenini nasemphakathini abaphila kuyona.

**Ngiyabonga**